## Imiyalelo

### Kumfundisi:

**Qaphela lokhu okulandelayo:**

1. **Qaphela:** Irubhrikhi yokukhulunywayo nokwenziwayo ikumemorandamu.
2. Isivivinyo sizobhalwa ngezinsuku ezahlukene, hhayi ngosuku olulodwa.

### Kumfundi:

1. Fundisisa yonke imiyalelo emibuzweni.
2. Qaphelisisa ukuthi imibuzo yonke ifunani ngaphambi kokuba uphendule.
3. Phendula yonke imibuzo kuzikhala ozishiyelwe, kuleliphepha.
4. Balisisa ngaphambi kokuba ubhale impendulo.
5. Sebenzela, ubalele kuleliphepha hhayi kwelinye iphepha.
6. Ukusetshenziswa komshini wokubala akuvunyelwe.

**Siyaziqhenya ngani bafundi**

**Niyisibane sezwe**

**Phambili zingane zama Afrikha**

## 1. Izinombolo, izimpawu kanye nobudlelwano bazo

**Yingeleza uhlamvu olunempendulo efanele.**

1.1 Yingeleza uphawu lwenombolo engamakhulu amane namashumi amabili nesishiyagalolunye

A. 419

B. 429

C. 492

D. 290

1.2 Yingeleza igama lenombolo engama 213

A. amakhulu amabili nokuthathu
B. amakhulu amabili namashumi amathathu nantathu
C. amakhulu amabili neshumi nantathu
D. ikhulu elilodwa namashumi amabili nantathu

1.3 Yingeleza ama 48 uma ephindwe kabili

A. 59

B. 96

C. 118

D. 176

1.4 Uyini uhhafu we 142?

A. 124

B. 121

C. 112

D. 71

1.5 Sondezela ama 377 e 10 eliseduzane

A. 350

B. 360

C. 370

D. 380

1.6 Buka izikwele:



Yikuphi kulokhu okulandelayo okuchaza kangcono inani lezikwele?

A. amaqoqo ama 2 angaku 4

B. amaqoqo ama 3 angaku 4

C. amaqoqo ama 4 angaku 4

D. amaqoqo ama 5 angaku 4

1.7 Zonke lezinombolo ezilandelayo zi____________________ ngoku 5

5, 10, 15, 20, 25, 30, 35, 40, 45, 50, 55, nama 60

A. yizimpendulo

B. yizinombolo

C. amaqiniso

D. phindaphindeka

1.8 78 + 46 =

A. 32

B. 114

C. 122

D. 124


1.9 Guqula lemali elandelayo.

A. R2.25 = _________c


B. 164c = R_________

1.10 Sebenzisa isu lokugxuma ukuze uthole impendulo.

a) 50 + 15 =




b) 70 - 23 =




1.11 Amaqhezu

Lebula izingxenye ezifiphaziwe.



1.12 Ukuhlanganisa nokususa

Ukuhlanganisa nokususa amadijithi amathathu namadijithi amabili.

| | |
|---|---|
| a) 327 + 47 = | b) 454 - 69 = |

1.13 Ukuxazulula izinkinga

a) Indiza encane inezihlalo ezintathu emugqeni ezinophawu A ukuya ku M

| A | B | C | D | E | F | G | H | I | J | K | L | M |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | | | | | | | | |

Bangakhi abantu abangagibela uma indiza inemigqa eyishumi nantathu?

_______________

b) Ugogo unike uKhelebhu ama R15
Ufuna ukonga okuthathu kwalemali.
Kufanele onge malini? ____________________

c) ULexie unezinto zobuciko okufanele azihlele kuziqukathi.
Ubale amakhilayoni angama 40 neziqukathi ezi 4
Mangakhi amakhilayoni angawafaka kusiqukathi ngasinye? ______________

d) UJack uvame ukuvuka ngehora lesi-7 ekuseni. Izolo, uvuke
ngemuva kwehora eli 1 nemizuzu engama 30 kunokujwayelekile.
UJack uvuke ngasiphi isikhathi? ____________________

e) UBusi noNikho baye epaki ngehora lesi 2 ntambama.
Kudlule amahora ama-3 bahamba.
Bahambe ngasikhathi sini epaki? ________________

f) Abafundi bebanga lesithathu baya esiqhiwini sezilwane.
Kunamabhasi ama 3 ohambo.
Ibhasi ngalinye linesibalo esifanayo sabafundi.
Uma ngabe kunabafundi abangama 90 ebangeni lesithathu emagunjini okufundela amathathu, kunabafundi abangakhi ebhasini ngalinye?

Bhala umusho wezinombolo ____________________

g) UMbali upaka amamafini angama 72 emaphakethini ayisi 6.

Mangakhi amaphakethe anawo?



Bhala umusho wezinombolo ____________________

Inani ___ / 30


## 2. Amaphethini, ukuxhumana kanye ne-aljibhra

### 2.1 Amaphethini ejiyomethri

a) Phinda lamaphethini alandelayo kanye.

| | |
|---|---|
|  | |
|  | |
| shaya izandla gxoba gxoba izinyawo<br>shaya izandla gxoba gxoba izinyawo | |

b) Yenza amaphethini amabili ehlukile usebenzisa lamaphethini alendalayo.



| |
|---|
| |
| |

### 2.2 Amaphethini ezinombolo

a) Hlela lezinombolo ezilandelayo ukusukela kwenkulu ukuya kwencane.

| |
|---|
| 413, 314, 431, 143, 341, 134 |
| |

b) Hlela lezinombolo ezilandelayo ukusukela kwencane ukuya kwenkulu.

| |
|---|
| 534, 435, 543, 345, 354, 453 |
| |

## 3. Indawo nezimo

3.1 Siyini isimo somnyango wekilasi?


A. ikhuyibhodi

B. ikhuyibhi

C. ikhoni


D. unxantathu

3.2 Beka inombolo efanele kusiqukathi esingu 3D, eceleni kwencazelo efanele.




| | |
|---|---|
| Nginobuso obubili obuyindilinga nobuyisicaba kanye nohlangothi olulodwa olugobile | |
| Ngiyiprizim. Nginobuso obu 5 | |
| Nginobuso obuyisithupha futhi bonke obuyizikwele | |

3.3 Buka izinto ezingonhlangothintathu ubese uphendula imibuzo.



a) Ibhola li____________________ kwebhayisikili.

b) Ipotimende li____________________ kwebhola.

c) Ibhayisikili li____________________ kwepotimende nebhola.

3.4 Buka umdwebo ubese uphendula imibuzo elandelayo.

| | A | B | C | D | E |
|---|---|---|---|---|---|
| 1 | | | | | |
| 2 | | | | | |
| 3 | | | | | |
| 4 | | | | | |

a) Dweba indilinga kubhilokhini eliku 3D

b) Dweba unxande kubhilokhi eliku 4B neliku 4C

c) Dweba unxantathu kubhilokhi eliku 2A

**Inani** /10

## 4. Isilinganiso

4.1 Yingeleza impendulo efanele.

a) Kunemizuzu emingakhi kukota elilodwa lehora ewashini?

A. imizuzu engama 20

B. imizuzu eyi 15

C. imizuzu eyi 12

D. imizuzu engama 30


b) Singakanani isilinganiso sebhokisi lobisi?

A. Yigremu eli 1 (1 gram)

B. Yilitha eli 1 (1 litre)

C. Amagremu ayi 10 (10 grams)

D. Amamlitha ayi 10 (10 litres)







c) Kuzobe kuyisikhathi sini ehoreni eli 1 nemizuzu eyi 15?





A. 3:30
B. 3:45
C. 3:15

D. 4:15

4.2 Dweba izinti ukhombise izikhathi.

| | |
|---|---|
|  Ligamenxe ihora lesi 8 |  Imizuzu eyishumi nanhlanu ngaphambi kwehora leshumi nanye |
|  Imizuzu eyishumi nanhlanu lishayile ihora lesi 5 |  7:45 |

4.3 Yingeleza impendulo efanele.

| | | |
|---|---|---|
|  |  |   |
| 5ml noma 50ml | 2ml noma 200ml | 35ml noma 350ml |

Inani ___ / 10

## 5. Ukuqokelelwa kolwazi

Inhlolovo yezithelo. Nali ishadi lezibalo elikhombisa ukuthi besiyini isithelo esiyintandokazi ekilasini.

Qedela lethebula elingezansi.

| Inani labafundi | | |
|---|---|---|
| Ama-apula | 卌 卌 \|\| | |
| Amawolintshi | | 14 |
| Ubhanana | 卌 卌 | |
| Amagilebhisi | | 4 |
| Amakhabe | 卌 | |

Phendula lemibuzo elandelayo.

1. Yisiphi isithelo ebesingathandwa kakhulu?
2. Uyini umahluko phakathi kwesithelo esiyintandokazi nesingathandwa kakhulu?
3. Bebebangakhi abafundi ekilasini?
4. Bhala uhlu lwezithelo ukusukela kweziyintandokazi ukuya kwezingathandwa kakhulu.
5. Bangakhi abafundi abavotele ubhanana namakhabe.

**Inani** /10